Umhlangano wokucobelelana ngolwazi wase-Unisa uthuthukisa abafundi abaphila nokukhubazeka ngokusebenzisa izinhlelo zokubaseka nokukwazi ukumelana nobunzima.

INyuvesi yaseNingizimu Afrika (Unisa) muva nje. ibambe umhlangano wokucobelelana ngolwazi wezinsuku ezimbili okuhloswe ngawo ukuthuthukisa ikhono lokukwazi ukumelana nobunzima kanye nokuthuthukisa ukugcinwa kwabafundi abaphila nokukhubazeka ngaphakathi esikhungweni. Lo mhlangano, wabanjwa mhla zingama-23 kuya kuma-24 kuMbasa wezi- 2026 eSunnyside Campus ePitoli nangokusebenzisa ubuchwepheshe be-Microsoft Teams, lo mhlangano waba yingxenye yezibopho eziqhubekayo zenyuvesi mayelana nemfundo ebandakanyayo kanye nokuphumelela kwabafundi.

Isingathwe ngaphansi kwesihloko esithi “Ukuthuthukiswa kokukwazi ukumelana nobunzima nokukhuthaza ukugcinwa kwabafundi abaphila nokukhubazeka (SwD) e-Unisa”, umhlangano wokucobelelana ngolwazi uhlanganisa ndawonye abafundi, abasebenzi basenyuvesi kanye nabasebenzi abeseka abafundi ukuze kuxoxiswane ngezinkinga ezikhungethe abafundi abaphila nokukhubazeka kanye nezinhlelo zosizo abangazithola.

Lo mcimbi, ohlelwe nguSolwazi Dikeledi Mahlo eMnyangweni Wemfundo Ebandakanyayo eKolishi Lezemfundo, wawuhlelelwe ukuqwashisa mayelana namalungelo, amathuba nezinhlangano ezeseka abafundi abaphila nokukhubazeka, kanti futhi ugqugquzela impumelelo yabo kwezemfundo kanye nokugcinwa kwabafundi isikhathi eside enyuvesi.

Uhlelo lwaqala ngamazwi okwamukelwa ayethulwa Ibamba likaMqondisi Wesifunda uDkt Smangele Ntuli, nokwalandelwa isethulo sikaSolwazi Mahlo, owacacisa injongo yomklamo waphinde waqinisekisa ukuzibophezela kwenyuvesi emfundweni ebandakanyayo. Izingxoxo zalo mhlangano wokucobelelana ngolwazi zazigxile ekuhlomiseni abafundi ngolwazi kanye nangamathuluzi abambekayo okubhekana nempilo yasenyuvesi ngempumelelo.

Izinhlelo ezisemqoka zosuku lokuqala zazihlanganisa izethulo mayelana nendima ye-Advocacy and Resource Centre for Students with Disabilities (ARCSWiD) kanye nezinhlelo zokuqeqesha abafundi ezaziholwa nguBheki Nxumalo; ukufundisa ngokuphathwa kwezimali nokwesekwa nge-NSFAS kuholwa nguHelen Moraka; ukuqwashisa kanye nokwaziswa kuwumsebenzi kaNksz G Mngadi; kanti okuqondene nenhlalakahle kanye nempilo yengqondo kwenziwa nguFhatuwani Makahane. Ababambiqhaza baphinde banikezwa amathuba okuba baxoxisane ngokusebenzisa izigcawu zemibuzo kanye nezimpendulo.

Usuku lwesibili lwalugxile ekuthuthukisweni kwezifundo kanye nempilo yomuntu siqu. Izihloko zihlanganisa uhlelo lokuphathwa kokufunda (LMS), amakhono okufunda nokulungiselela izivivinyo, amakhono okuxhumana nokulungisa i-CV. Lezi zifundo zazihlose ukuqwashisa abafundi ngamasu asebenzayo okuthuthukisa isipiliyoni sabo sokufunda kanye nethuba labo lokuqasheka esikhathini esizayo.

Uhlelo lomhlangano wokucobelelana ngolwazi lwenziwa nguDkt Tony Matjila noMampe Phora, kanti izinsizakalo zokuhumusha ulimi lwezimpawu zazihlinzekwa nguSophy Mabaso ukuqinisekisa ukufinyelela kanye nokubandakanywa kwabo bonke ababambiqhaza.

Bekhuluma ngokubaluleka kwalo mklamo, abahleli bagcizelela ukuthi uhlelo lwemfundo ebandakanyayo lugxile ekulinganiseni nasekuphumeleleni kwabo bonke abafundi. Baphinde bagqamisa ukubaluleka kokuqinisekisa ukuthi abafundi bayaziqonda izinqubomgomo kanye nezinqubo zesikhungo ezihlelelwe ukuvikela nokuqhakambisa amalungelo abafundi abaphila nokukhubazeka.

Umhlangano wokucobelelana ngolwazi uyingxenye yomklamo oqhubekayo owaqala ngonyaka wezi-2024 kanti futhi kungenzeka siqhubeke eminyakeni ezayo, kuncike oxhasweni ngokwezimali okuqhubekayo okuphuma eMnyangweni Wemfundo Ephakeme Nokuqeqesha (DHET). Abahleli baphinde baveza ukuthi izinhlelo zokuqeqesha zizoqhutshwa ngesimesta yesibili ukuze kusekwe abafundi futhi kuthuthukiswe imiphumela yokugcinwa kwabafundi esikoleni.

Ngokuqhuba imikhankaso efana nale, i-Unisa iyaqhubeka nokuphoqelela ukuzibophezela kwayo ekwakheni indawo yokufunda ebandakanyayo lapho bonke abafundi bethuthukiswa ukuze baphumelele kwezemfundo nangokwesiqu sabo ngqo.

**Ithunyelwe ngu Lungisani Nzuzo Mbatha, oyi-Intern: oPhikweni Lwezokuxhumana Nokumaketha.*